

IZIGI

THE OFFICIAL NEWSLETTER OF SAFDA
NOV 2023-JAN 2024



RV Price November 2023: R 7 492,61 (an increase of R35,55 per ton of RV when compared with the previous month) "d" factor 0,508278



PG
3-4

I-SAFDA yethule ikhava
kaMasingcwabisane ne-
Airtime



PG
5-6

I-season yokuvuna ye-
NCORA ka 2022/2023



PG
7-9

Kuvakashelwe
amakhomishana enkomfa ye-
SAFDA Land Reform Indaba



PG
10

Umthelela wamanani
aphezulu kaphethilomu
nodizili kubalimi

CONTENTS



- 3-4** I-SAFDA yethule ikhava kaMasingcwabisane ne-Airtime
- 5-6** I-season yokuvuna ye-NCORA ka 2022/2023
- 7-9** Kuvakashelwe amakhomishana enkomfa ye-SAFDA Land Reform Indaba
- 10** Umthelela wamanani aphezulu kaphethilomu nodizili kubalimi
- 11-12** Umbiko ngama-FPSU
- 13-14** I-SAFDA ijoyine uNgqongqoshe we-Agriculture, Land Reform and Development, uMhlonishwa Mcebisi Skwatsha ezingxoxweni nabe-Nora
- 15-16** ILethesethu Farming (Pty) LTD ithole uR70,000 kuDkt. Siyabonga Madlala emhlanganweni wabalimi eMacambini.
- 17-18** Sinikeze ulwazi izizukulwane esilandelayo: Ukuzibophezelwa kwe-SAFDA ekufundiseni intsha ngezolimo
- 19-20** I-Provisional RV Price
- 21-23** I-SAFDA ibeyingxene ye-AGOA Forum

I-SAFDA YETHULE IKHAVA KAMASINGCWABISANE NE-AIRTIME



Abalimi baseNingizimu Afrika sekunesikhathi eside bebhekene nezinselelo zokungakwazi ukuthola izinsiza abazidingayo zokusebenza.



Ngomhlaka 30 Septhemba 2023, i-SAFDA ngokubambisana nezinkampani ezinkulu okubalwa kuzo i-Sanlam, MTN, Discovery Samsung kanye ne-Huawei ithule uhlelo oluzosiza abalimi baseNingizimu Afrika - i-SADFA Airtime Product/Funeral Cover.

Abalimi baseNingizimu Afrika sekunesikhathi eside bebhekene nezinselelo zokungakwazi ukuthola izinsiza

abazidingayo zokusebenza. Ngokubona leligebe, i-SAFDA iqale uhambo olunzulu lapho isebezenze ngokubambisana nezinkampani ezinkulu ngenhloso yokuvala leligebe ngokuqhamuka nesambululo ezinobuchule.

Umkhinqizo we-SAFDA we-Airtime uzonciphisa izindleko zenyanga ezibhekana nabalimi futhi uzobasiza bakwazi ukwenza okuningi ngalomkhinqizo obalulekile. Loluhlelo luzoqinisekisa ukuthi abalimi bane airtime, okuyinto ebalulekile uma kukhulunya ngezokuxhumana.

Abakwa-Samsung nabe-Huawei banikezele ngomakhalekhukhwini ahamba nomshwalense wakwa-PSG Wealth, okuzoqinisekisa ukuthi abalimi bahlale bekwazi ukuxhumana nemiphakathi yabo nezhnlaka ezibalethela ulwazi neminingwane ebalulekile

ethinta umsebenzi wabo.

Esikhathini samanje okusetshenziswa kuso kakhulu ubuchwepheshe, kubalulekile ukuba ne-data. Loluhlelo luzoqinisekisa ukuthi abalimi bayakwazi ukuthola ulwazi



online, bathuthukise imisebenzi yabo yezolimo nokuthola imininingwane ethinta umsebenzi wabo.



Ingxene enkulu yaloluhlelo ithinta ukufakwa kwekhava kamasingcwabisane we-SAFRICAN, esingathwe i-Sanlam. Lekhava iqinisekisa ukuthi esikhathini lapho abalimi belahlekelwe abathandiwego, umthwalo wezimali uyebla kubona nemindeni yabo.

Okwengeziwe, i-SAFDA Airtime product ibanikeza ithuba lokungena kwi-Discovery Primary Care, okuyi-medical aid ewusizo kubalimi. Lokhu akubhekeleli nje kuphela isimo sempilo sabalimi kodwa kuyabasiza baphile izimpilo zabo ngokuphelele.

Umcimbi wokuthola lezinhllelo ube impumelelo enkulu, kanti usingathwe KwaShukela, 170 Flanders Driver, eMount Edgecombe. Izithameli zizibonele ngawazo umsebenzi ozolethwa i-SAFDA Airtime Product futhi ozoshintsha izimpilo zabalimi baseNingizimu Afrika.

I-SAFDA isazibophezele ukusiza nokuthuthukisa abalimi baseNingizimu Afrika, kanti lomkhiqizo ukukhombise ngokusobala lokhu.



I-SEASON YOKUVUNA YE-NCORA KA 2022/2023



Dr Phiwe Jiba
Project Advisor

*Amadlelo Dairy Farm
asebenzise inani le-
SAFEX lombila ophuzi
elilinganiselwa ku R3 815.*

Umbila utshalwa kusukela ngo-Oktober kuya ngasekuqaleni kuka Januvari eNingizimu Afrika, lapho usuku lokutshala oluqondile luncika ekutheni imvula izofika nini. Ukutshala okunzululu ezisezindaweni ezisempumalanga kuqala zizinye ku Oktober kuya ku 30 November, kanti entshonalanga ukutshala kuqala ngo 20 November kuya 31 December. Ukutshala entshonalanga kuyenzeka kudluliselwe maphakathi noJanuvari uma izimvula zifike ngemuva kwesikhathi esisuke silindelekile. Ngokujwayelekile izinhlobo ezahlukene zombila ziphila isikhathi esilinganiselwa ezinsukwini ezingu 100 kuya kwezingu 120 kusukela zitshalwe kuze kube ziyavunwa. Kodwa-ke imvelo nokunye kuba nomthelela ekutheni umbila uzovunwa ngasiphi isikhathi, okubalwa kukho umkhqiqizo noma umsebenzi ozosetshenziselwa wona umbila.

Nge-season ka 2022/2023 izinto ziwuhambele kahle umphakathi otshalayo ngaphansi kwe-Ncora Irrigation Scheme. Le-season iqale kahle lapho umbila ophuzi ubukeka umuhle kakhulu. Ngokusho kosihlalo we-CPA, Umnuz. Ace Thosholo, kuma-hectare angu 25 abetshaliwe ombila ophuzi, amathani angu-72 ombila athunyelwe ku-Amadlelo Dairy Farm okungenise imali efike ku R274 680.00. Amadlelo Dairy Farm asebenzise inani le-SAFEX lombila ophuzi elilinganiselwa ku R3 815. Sebeqashe abantu





abangu-20 abangamalungu omphakathi waseNcora, lapho umsebenzi ngamunye ubethola isinxephezelo sika R500 ngeviki. Ngosuku bebekhokhelwa uR100, ngokusebenza kusukela ngo 08h00 kuya ku 17h00 ntambama. Umbila ovuniwe ophuzi ugcinwa ngemuva kwengadi kaSihlalo, kanti uma ungabekwanga ngendlela efanele lombila uyonakala noma ungabe usakulungela ukusetshenziswa ngabantu nezilwane.

Iphrojekthi yeMzola Agro-mix isebeenzisa uhlelo lokuvuna ngezandla. Ngaphezulu kwalokho, uhlelo lokuvuna ngezandla lusetshenziswa kuphela emasimini amancane kakhulu nasezingadini lapho umbila uvunelwa ukusetshenziswa abantu noma uzokwenziwa ukudla kwezilwane zemfuyo enkampanini yaMadlelo Dairy.

Lendlela yokuvuna iyonga izindleko nesikhathi ngoba umuntu oyedwa edinga amahora asuka ku 30 kuya kwangu 100 ukuvuna i-hectare elilodwa lombila.

I-SAFDA ne-CPA banesifiso sokuba nemishini yokuvuna yabo, noma abazokwazi ukuyiboleka ezobe ihambisa no-operator onesipiliyonu ngezikhathi zokuvuna kule-season ezayo ngoba indawo abayitshalayo izokwandiswa ngama-hectare angu-100. Umbila isikhathi esiningi uwisa ngemishini eyahlukene. Uma umbila ungaphathwa ngendlela ngemuva kokuvunwa lokho kuyayilimaza ikhwalithi yawo.

Izincomo ze-season elandelayo yokuvuna

• Ukuqinisekisa ukuthi banendawo enhle yokubeka umbila ovuniwe ngaphambi

kokuqala umsebenzi wokuvuna. Noma ngabe isakhiwo sesikhashana.

- Ukwenza isiqiniseko sokuthi izikhwebu zome ngendlela efanele ngaphambi kokuhluba umbila.

- Ukugcina umbila osuvuniwe endaweni ephophile futhi eyomile. Uma kuhlelwe ukuthi umbila uzobekwa isikhathi eside kufanele ufuthwe ngamaphilisi afanele futhi umbozwe ngezikhwama ezifanele.

Wonke umzamo abawenzayo uzokwenza umehluko omkhulu kwinani kanye nekhwalithi yombila abazowukhiqiza kanye nabazowuvuna. Uma amanani ephansi njengoba ephansi manje ngokwe-SAFEX price, konke lokhu kwenza umehluko kwinzozo engenayo.



Iphrojekthi yeMzola Agro-mix isebeenzisa uhlelo lokuvuna ngezandla.



KUVAKASHELWE AMAKHOMISHANA ENKOMFA YE-SAFDA LAND REFORM INDABA



Nkosinathi Phakathi
Senior Agricultural Economist
responsible for Land Reform and
also works as an FPSU Manager

Isicelo sokuthi i-South African Farmers Development Association (SAFDA) ingenelele ezinhlelwani zohlelo lokubuyiswa komhlaba siphakanyelwe ngonyaka ka 2019 lapho lenhlangano isingathe khona inkomfa yokudingida izindaba ezithinta ukubuyiswa komhlaba eWhite River, Nelspruit, esifundazweni saseMpumalanga kusukela ngo 24 kuya ku 25 Septhemba 2019. Kulenkomfa abadlala indima abahlukene baphume ngobuningi babo futhi bazinikela ezingxoxweni

ebezikhona. izingqinamba kwalenkomfa amaphrojekthi kohlelolokubuyiselwa komhlaba embonini kashukela yonkana, kodwa bekugxilwe kakhulu kwi Mpumalanga Restitution Land Reform projects (okungama-Community Property Associations-CPA nama-Community Trust). Lenkomfa ibithanyelwe ama-claimants wonke ayisishagalombili aseMpumalanga. Lapha sibala i-Matsamo CPA, i-Mawewe CPA, i-Mhlaba Trust, Libuyile Community Trust, Ingwenyama Simhulu Trust, Bambanani Mlambo Trust (BMT), Mjejane Trust, kanye nePhrojekthi eyasungulwa abe-RCL, i-Siyathuthuka Estate Farm.

Lenkomfa ibigxile ekubambisaneni phakathi kwama-claimants nophathina awo abahlukene, ajwayele ukwenzeka phakathi kwavo ama-claimants nalabo abebephethe amapulazi

Beziningi ngaphambi ebezithinta angaphansi kohlelolokubuyiselwa komhlaba embonini kashukela yonkana, kodwa bekugxilwe kakhulu kwi Mpumalanga Restitution Land Reform projects (okungama-Community Property Associations-CPA nama-Community Trust). Lenkomfa ibithanyelwe ama-claimants wonke ayisishagalombili aseMpumalanga. Lapha sibala i-Matsamo CPA, i-Mawewe CPA, i-Mhlaba Trust, Libuyile Community Trust, Ingwenyama Simhulu Trust, Bambanani Mlambo Trust (BMT), Mjejane Trust, kanye nePhrojekthi eyasungulwa abe-RCL, i-Siyathuthuka Estate Farm.

Lenkomfa ibigxile ekubambisaneni phakathi kwama-claimants nophathina awo abahlukene, ajwayele ukwenzeka phakathi kwavo ama-claimants nalabo abebephethe amapulazi

abamhlophe. Usuku lokuqala lalenkomfa belugxile ubudlelwano kwezinhlaka kumapulazi, ngenhlosa yokubona ukuthi ubani ohlomulayo kulezivumelwano. Ubuholi obuvela kwimiphakathi yama-claimants, okungama JV partners, aveze umbiko ngendlela okusetshenziswana ngayo obubala izindlela zokwenza umkhiqizo, imihlomulo etholakele, ukuthuthukiswa kwamakhono kanye nokuphathwa kwama-JV. Ngosuku lwesibili kudingidwe izinhlelo eziholwa uhulumeni kanye nezinkampani ezizimele ngenhlosa yokuthuthukisa umnotho wesifunda. Kuphinde kwakhulunya ngokwethulwa kwezitshalo ezinamanani aphezulu emapulazini ababuyiselwa umhlaba, namathuba okutshala ezinye izitshalo zokudla. Lombiko uthathelwe ezingxoxweni ezibekhona ngezikhathi zekhefu kulenkomfa futhi uhlose

ukubheka inqubekela-phambili kanye nezihibe ezibekhona kuleminyaka emine ngemuva kwalenkomfa esingathwe i-SAFDA.

I-SAFDAYethulwaeMpumalanga ngo 2017 yabe isiqala ukusebenza ngonyaka ka 2018. Ngonyaka wokuqala kusebenza i-SAFDA eNkomazi, izinselelo eziningi ezithinta ukuphathwa kwamaphrokethi angaphansi kohlelo lokubuyiselwa komhlaba ziveziwe. officially started operating in the year 2018. Namaphrokethi aveze izinselelo abhekana nazo Kwimibiko yawo ehlukene, okubalwa kukho ukungangeni kwabantu abaningi ezinhlelweni zomsebenzi, izikweletu eziningi ngaphansi kwesivumelwano se-JV, Ukungabikhona kwabaholi abaphezulu (abavela emphakathini) ekuphathweni kwamapulazi nasezikhundleni ezinamandla okwenza izinqumo, ukungabi khona kosizo ngemuva kokunikezwu umhlaba, kanye nokungadluliselwa kwamakhono, ukubala izinselelo ezimbalwa.

Isimo samanje sokubuyiselwa komhlaba

Umkhakha wokubuyiswa komhlaba eNkomazi ubone ukwehla kwezinga ngenxa yezingqinamba eziningi kuleminyaka emithathu. Amaphrokethi amathathu aphoqeleke ukuthi ashintshe izinhlaka zokuphathwa ngenxa yezimo ebezingalindelekile kusukela ekushoneni kwabaholi kanye nokungaboni ngaso linye phakathi kwamaqembu okuholeekutheni kubenegebe kubuholi balezhnlaka. Lezimo zidale ukungazinzi kwezhnlaka zobuholi zalamaphrokethi noma amanye elulama, kodwa ukubuyela kwavo esimweni esifanele kuthatha isikhathi

eside. Kumaphrokethi ayishagalombili angaphansi kohlelo lokubuyiswa komhlaba abeyingxene yengqungquthela ye-SAFDA Land Reform Indaba, mane kuphela asasebenza, amanye asalulama kanti amanye afakwe ngaphansi kwe-administration.

Sibheka okudingidwe kwinkomfa ye-Land Reform

Inkomfa yeSAFDA Land Reform ikhqiize izithelo, amakhishana athile kanye nezixazululo. Lenkomfa ikhiphe amakhishana amahlau. Ikhomishana yokuqala igxile kwizivumelwano zokuphatha kwamabhizinisi ngokubambisana.

. Ngaphansi kohlu lwezinto okumele zenziwe kwikhomashana yokuqala, kubalwe ukubhekwa kabusha kwezivumelwano ze-JV (Joint Venture), ukubuyekezwu kobunikazi kwezhnlaka ze-JV, ukubuyekezwu kokongamelwa ngokulingana nobulunga, ukubuyekezwu kwemigomo yokuqashwa kanye neminye imithetho ekhona kuma-JV, ukuncishisa kwezindleko zokwenza imisebenzi kanye nokutholakala kwezinsiza zokwenza umsebenzi.

. Ikhomishana yesibili igxile ekuhlelweni kabusha kwezikweletu ngemuva kokwenza ama-audit emalimboleko. Kuningi okuhlongoziwe ukuthi kwensiwe ukuze kuncishiswe izikweletu yama-JV amanangi, nalapho i-SAFDA izozama khona ukuxhumana nezinhlaka zikahulumeni, I-SARS kanye ne-Department of Rural Development and Land Reform (DRDLR) ukuze kuncishiswe okanye kunikezwu ikhefu ama-JV anezikweletu ezinkulu. I-SAFDA ibizophinda ixhumane ne-DRDLR ukuze isize ngemali

yokwenza umkhiqizo.

. Ikhomishana yesithathu ibizogxila ekuthuthukisweni kwamakhono kuma-JV ukuze amalungu omphakathi akwazi ukuba sezikhundleni ezinamandla okwenza izinqumo kulamabhizinisi. Ngesikhathi kuqhubeka lenkomfa kubonakale ukuthi izinhlelo zokuthuthukiswa kwamakhono zikhona kuphela emaphenepi kwamanye ama-JV kodwa amanye abengenazo nhlobo. Kubonakale kunesidingo zokwenza i-audit kumakhono okuyinto i-SAFDA ezibophezele kuyo, nalapho okuzokwakhiwa khona ithimba elizobhekelela ukuthuthukiswa kwamakhono kulamaphrokethi omphakathi.

. Ikhomishana yesine kube ngeyokuthuthukiswa kwamabhizinisi kanye nokufaka amalunga omphakathi kulamabhizinisi. Umbiko othulwe amaphrokethi uveze ukuti abekho abantu abayingxene yomsebenzi wokulima umoba futhi azikho izinhlelo zokufaka osomabhizinisi kulomsebenzi. Kuhllongozwe ukuthi kukhishwe izinhlelo zokuthuthukisa amabhizinisi ezizodluliselwa ku-MEC Wokuthuthukiswa koMnotho kulesifundazwe. Kuzobhekwa neminye imisebenzi engenziwa ukuze kungeniswe imali.

. Ikhomishana yesihlanu yona igxile ekuphathweni komhlaba, amabhizinisi kanye nezinhlelo zokuthuthukiswa kwemiphakathi kulama-partnerships. Imibiko ethulwe amaphrokethi iveze ukuthi imali etholwe abahlomulayo ibishabalala futhi iningi layo beyitholakala ngokuqashisa umhlaba hhayi ngenzozo yama-partnerships. Kuhllongozwe ukuthi kwakhiwe isigungu esizoxazulula izingxabano nokungaboni ngaso linye

ngaphakathi nasezindabeni zangaphandle.

Kuphume okuhle ngemuva kweminyaka emine kwasingathwa inkomfa

Konke okufanele kwenziwe okuvunyelwene ngakho kwinkomfa ye-SAFDA Land Reform ngeshwa kuthunazwe i-Covid 19 ehlasele umhlaba wonke. Izwe lonke belivalekile kungahambeki futhi imihlangano ingavumelekile. Imithetho yokunyakaza ebibekiwe ibenomthelela ongemuhle emnothweni yamazwe ngamazwe, okuholele ekutheni eminye imisebenzi obekuvunyelwene ngayo ingenzeki. Noma kunjalo, kuningi okuhle okwenzekile noma bekunezinselelo ezilethwe i-Covid 19. Ngo 2018/19



abe-DALRRD bathule uhlelo Iwe-Land Development Support (LDS) ngemuva kokumiswa kwe-Recapitalization and Development Programme (RECAP) ngo 2017/18. Ukwethulwa kwe-LDS kuhambisane nezinye izinto ebezidingidwa ngesikhathi kuqhube ka lenkomfa, okubalwa kukho ukunyusa izinga ngemali yoxhaso evela emnyangweni. Ngisho ngesikhathi se-Covid 19, i-SAFDA ikwazile ukuthumela ama-business plan e-LDS ukuze kusizakale amaphrojekthi omphakathi amabili okuyiBambanani Mlambo Trust ne-Matsamo CPA okulethe imiphumela emihle. I-Business plan ye-BMT yagunyazwa ngaphambi

kokuqala kwe-Covid 19 yabe isithulwa ngempumelelo ngesikhathi kuqhube ka i-Covid 19, ngesikhathi i-Matsamo CPA yabuyekezwa futhi yathunyelwa ngesikhathi se-Covid 19 yabe isigunyazwa ngemuva kwe-Covid 19. Uhlelo Iwe-LDS lunikezwa amaphrojekthi aphethwe ngokuphelele umphakathi okuyinto ekhuthaza ukuthi lemiphakathi izibambele ngokwayo amafamu (Imiphakathi izama ukuyeka ukwakha ukubambisana ebhizinisini uma umphakathi ungahlomula).


Izinhlelo zokubuyiselwa komhlaba zimiswe ubhubhane kwe-Covid 19, kodwa sesibone amanye amafamu edluliselwe ngempumelelo okwenzeke kumaphrojekthi aseNkomazi.

beyingexenyе yalamaphrojekthi kweminyeimiphakathi. Izinhlaka zabaphathi abaphezulu kwamanye amaphrojekthi sezibuyekeziwe ikakhulukazi kulamaphrojekthi angenazo izinkinga ezinkulu.

I-SAFDA isinikezwe ithuba lokusiza amaphrojekthi amanangi angaphansi kohlelo lokubuyiselwa umhlaba ngonyaka wezimali ka 2023/24 ngaphansi kohlelo Iwe-LDS. I-SAFDA izokwenza lomsebenzi nangaphandle kwemboni kashukela njengoba kukhona amaphrojekthi azogxila kwimikhiqizo ehlukene asizwa yi-SAFDA ezindaweni zaseBarberton ngaphansi koMjindini Municipality. Amaphrojekthi amabili aseNkomazi Municipality asezinhlelweni zokuhlomula ngaphansi kohlelo Iwe-LDS kulonyaka wezimali, nalapho ukuhlolwa kwamafamu, ama-business plan kanye nokuthuthukiswa kwawo sekumi ngomumo.

Ukuphetha, kukhona umsebenzi okusamele wenziwe ngokwesivumelwano ezenziwe kulenkomfa. I-SAFDA isebeze ngokuzikhandla ukuvuselela umsebenzi ongaphansi kohlelo lokubuyiswa komhlaba eNkomazi. Ukuya phambili kunezinhlelo zokusungula uhlelo lokuvuselela izinhlangano zokubuyiselwa komhlaba futhi lomsebenzi uzolandelelwа njengoba amaphrojekthi aseshintshiwe futhi asesebenza kahle. Konke okuvunyelenwe ngakho kulenkomfa kuzolandelelwа ukuze kuqinisekiswe ukuthi amaphrojekthi ayazinza futhi ayakhula. I-SAFDA Mpumalanga isahlalelwе umsebenzi omkhulu wokulungisa izinhlangano ezingaphansi kohlelo lokubuyiselwa komhlaba eNkomazi.

UMTHELELA WAMANANI APHEZULU KAPHETHILOMU NODIZILI KUBALIMI



**Kubalulekile ukuthi
sibheke ukunyuka
kwamanani kadizili
nophethilomu
sikuflanganise nokunyuka
kwamanani kamanyolo
namakhemikhali.**

Njengoba kuqala kusaqala
isikhathi sokutshala, abalimi
kufanele babhekane
namanani kaphethilomu
nodizili anyukayo. Ngenyanga
ka Agasti kuya ku Mashi,
abalimi bomoba basebenzisa
lesikhathi ukulungisa amasimi
kanye nokutshala umoba.
Lemisebenzi idinga imishini
ukuthi yenziwe, lapho kusuke
kuqashwe osonkontileka
bendawo. Kodwa kukhona
ukukhathazeka ngalemisebenzi
ngenxa yamanani anyukayo
kaphethilomu.

Abalimi bomoba bathembele kakhulu kosonkontileka ukuthi benze umsebenzi wokuvuna izitshalo nokudonsa umoba emasimini bawulayishe kogandaganda abanokhawu ofika kumathani angu-8 noma izinqola zokuzilayishela amathani angu-5. Uma umoba usuwehlisiwe kwi-loading zone, ube usulayishwa kumaloli ka 28 kuya ku 34 ton, wona abe esethumela umoba emishinini ehlukene Inani likadizili ilona

elikhiphia i-rate osonkontileka
abayibeka kubalimi. Ngaso
sonke isikhathi uma amanani
kaphethilomu enyuka,
osonkontileka babuyekeze i-rate
yabo futhi bayinyuse ukuze
baqhubeke namabhizinisi abo,
lokhu bakwenza ngaphandle
kokubheka umthelela
ozobakhona kumabhizinisi
ezolimo.

Kubalulekile ukuthi sibheke
ukunyuka kwamanani
kadizili nophethilomu
sikuflanganise nokunyuka
kwamanani kamanyolo
namakhemikhali. Ukunyuka
kwaphethilomu kuze kupoqe
abalimi ukuthi banciphise
noma bame ukukhulisa
izitshalo zabo ngomanyolo
nangamakhemikhali. Lokhu
kuholela ekuncipheni
kwamathani athunyelwayo
nge-season elandelayo. Uma
ithani liphansi liholela ekutheni
kungene inzuzo encane. Ukuze
baphile abalimi kuyophoqeleka
ukuthi banciphise inani
labasebenzi emasimini

noma banciphise amahora
okusebenza ngosuku. Okunye
okuyingozi ukuthi abalimi
kufanele benze isabelomali
ngaphambi kwesikhathi, uma
kunyuka amanani kaphethilomu
kanye nezindleko zokusebenza,
abalimi bayaphoqeleka ukuthi
bathole izimali zokusebenza
maphakathi ne-season,
okuyinto enzima ngoba abanye
abalimi bayasokola ukuthola
izimali ngenxa yokuthi basuke
bengenazo izimfanelo.

Ukunyuka kwamanani
kaphethilomu kunomthelela
omubi kubalimi, osonkontileka,
imishini egaya umoba kanye
nemboni yonkana njengoba
inani le-Recoverable Value (RV)
linganyuki ngokufana ne-rate
kadizili onyukavo.





*Kulama-FPSU amasu
amasha okwenza
umsebenzi kubekwa
phezulu.*

Esifundazweni sase-KZN sekuqaliwe ukwakhiwa kwezindawo zama-FPSU. Ama-FPSU akusiwona nje izitini nezakhiwo; kodwa awuphawu lwentuthuko, ukuzinza kwamabhizinisi nemboni kanye nokuzinikela okukhonjiswa izinhlaka ezahlukene ekuthuthukiseni umsebenzi wasemasimi emiphakathi yethu. Ngosuku nosuku oludlulayo, impumelelo iyasondela kubalimi abahlukene abasemonini yezolimo.



Kulama-FPSU amasu amasha okwenza umsebenzi kubekwa phezulu. Ingqalasizinda eseizingeni eliphezulu yenzelwe ukunikeza abalimi amathuluzi nolwazi abaludingayo ukuze baphumelele. Lapha kubalwa izindlela ezintsha zokulima, ukuphathwa kwamabhizinisi akhulayo nazinzie kanye namathuba okungena ezimakethe ezintsha, okuyizona zonke izinto ezenza ama-FPSU abe ithemba elikhulu kumphakathi wezolimo.



UMBIKO NGAMA-FPSU

Mpumanga



Kuleminyaka embalwa edlule, I-SAFDA ibihamba phambili ezinhlelwini ezihloze ukuthuthukisa umkhakha wezolimo eNingizimu Afrika

Kuleminyaka embalwa edlule, I-SAFDA ibihamba phambili ezinhlelwini ezihloze ukuthuthukisa umkhakha wezolimo eNingizimu Afrika. Ukubambisana kwethu ne-Department of Agriculture, Land Reform and Rural Development ekusungulweni kwephrojekthi yama-FPSU sekuholele ekuvuselelweni kwamahovisi amaningiabalimiemiphakathini ehlukene eKomati naseMalelani. Umthelela wokulungiswa kwalezakhiwo mkhulu okwedlula ukubukeka kwezakhiwo; kodwa ukhombisa inqubekela phambili kanye nomsebenzi omuhle ongenziwa kulezindawo zokulima.

Amahovisi avuseelwe ase-Walda, Mfumfane, Figtree C&D ne-Figree A asephenduke izindawo ezimqoka kubalimi, njengoba ebanikeza indawo efanele yokuhlela umsebenzi, ukusebenzisana kanye nokuthola izinsiza zokusebenza ezibalulekile ukuze baphumelele. Lephrojekthi

yokuvuselela amahovisi ayilungisi nje kuphela izakhiwo; kodwa ikhombisa ukuzinikela emsebenzini wokuthuthukisa abalimi bendawo kanye nokukhulisa lemboni ebalulekile kumnotho wakulelizwe.

Impumelelo yalephrojekthi ilethe inhlansi yethimba ngaphakathi kulomphakathi. Abalimi bendawo babona lomsebenzi ungaphezulu kokulungiswa kwezakhiwo, kodwa bakubona kuwuphawu lwethembu, amathuba kanye nenqubekela phambili. Abalimi sebeyakwazi ukuthola usizo olwenza babhekane

kangcono nezinselelo zansuku zonke, kusukela ekunakekelweni kwezitshalo, ukufinyelela kwezimakethu kanye nokusetshenzisa kobuchwepheshe.



I-SAFDA IJOYINE UNGQONGQOSHE WE-AGRICULTURE, LAND REFORM AND DEVELOPMENT, UMHLONISHWA MCEBISI SKWATSHA EZINGXOXWENI NABE-NORA



Kwisenzo ubumbano ekuthuthukiseni zasemakhaya, i-South African Farmers Association isebeanzisane Ngqongqoshe Mcebisi Skwatsha lapho besingathe izingxoxo ezinzulu ne-Ncora Land Claimants kanye nezinye izinhlaka eCofimvaba, ngaphansi koMasipala Intsika Yethu.

Iholwa nguSihlalo Ophezulu wayo, uDkt. Madlala, i-SAFDA idlale indima enkulu ekuletheni ushintsho nentuthuko kumphakathi weNcora. Umcimbi osingathwe ngomhlaka 05 October 2023, kube ngonempumelelo futhi okhombise ukuzinikela kwe-SAFDA ekuthuthukiseni imiphakathi yasemakhaya.

Inhloso enkulu yalezingxoxo ihlukane kibili: okokuqala bekuyithuba lokuthi uhulumeni akhiphe umbiko

esikhombise nokuzinikela izindawo Development (SAFDA) noSekela uMhlonishwa kwalo umhlaba kanye nokudingida umhlahlandlela ngezinto okufanele zenzeke ukuthi kuthuthukiswe izindawo zasemakhaya. Ukuba khona kwe-SAFDA kuqhakambise ukuzinikela kwalenhlangano kulezinhlelo. Ngesikhathi kuqhube ka lomcimbi, kucacile ukuthi ukubambisana kwe-SAFDA nomnyango kuyisibonelo esihle. Ngokusebenza ndawonye, sizokwazi ukuthola izixazululo zezinselelo ezimataniswa





**Lomcimbi uphinde waba
ubufakazi bokuzinikela kwe-
SAFDA ekuthuthukiseni ezolimo,
nokunikeza amandla abalimi
bendawo kanye nokukhuphula
izinga lempilo emiphakathini
yaseNingizimu Afrika.**

nokubuyiselwa kwabantu
umhlaba futhi kuzoletha
usizo noshintsho olukhulu
emphakathini weNcora.

UDkt. Madlala, oyishoshovu
esikhulu sentuthuko
yasezindaweni zasemakhaya,
ume kwacaca ngesikhathi
kuqhubeke lomcimbi, lapho
egcizelele khona indima
emqoka edlalwa i-SAFDA
kumaphrokethi aphathelene
nokubuyiselwa komhlaba
kumphakathi weNcora.
Ubuholi bakhe nemibono
kanye nokuzinikela kucacile
ngesikhathi i-SAFDA iyengxene

yalomcimbi obuzokwakha
ikusasa leNcora.

Lomcimbi uphinde waba
ubufakazi bokuzinikela kwe-
SAFDA ekuthuthukiseni
ezolimo, nokunikeza amandla
abalimi bendawo kanye
nokukhuphula izinga lempilo
emiphakathini yaseNingizimu
Afrika. Njengamagama ka
Dkt. Madlala "Intuthuko
yangempela ayenzeki uma
sisebenza ngokuhlukana kodwa
yenzeka uma sibambisana
I-SAFDA iyaziqhena
ngokubambisana noSekela

Ngqongqoshe Skwatsha
neNcora Land Claimants ukuze
kwakhiwe ikusasa eliqhakazile
kulomphakathi."

Indima enkulu edlalwe
i-SAFDA kuomcimbi ikhombise
ngokusobala ukuzinikela
ekunikezeni amandla
imiphakathi yaseNingizimu
Afrika ngokuthuthukisa ezolimo
nezindawo zasemakhaya.
Lokhu kube isikhumbuzo
sokuthi ushintsho luyenzeka
uma izinhlangano nabantu
abacabanga ngokufana
bebambisana.



ILETHESETHU FARMING (PTY) LTD ITHOLE UR70,000

KUDKT. SIYABONGA MADLALA EMHLANGANWENI WABALIMI EMACAMBINI.



ILethesethu Farming (Pty) Ltd eyasungulwa ngoJulayi ka 2016 iyisibonelo esihle sezinhlangano eziphethwe intsha futhi lapho intsha itshengisa khona ugqozinentshisakalo emkhakheni wezolimo.

ILethesethu Farming ikhiqiza izitshalo ezahlukene okubalwa kuzo umoba, izitshalo zokudla, kanye nemikhiqizo yezilwane. Umoba walenkampani utshalwa endaweni enamazinga ashisayo, ajwayele ukufika ku 20 kuya ku 35 degrees, lapho ukhula khona ngemuva kwezinyanga ezingu 10 kuya kwezingu 18. Iztshalo zokudla zona baziqhale kumahectare amane omhlaba abanawo, lapho begxile khona kwimifino (spinach), u-pepper, u-onyanisi kanye nomoba. Ngaphezulu kwalokhu, iLethesethu ikuhulisa izinkukhu, lapho bezikhulisa kusukela zincane zize zikulungele ukudayiswa ngemuva ezmakethe kwamasonto ayisithupha.

Enye yezinto ezenza iLethesethu Farming ihluke kwezinye izinkampani ukuzinikela kwabo kwezemfundo nasekuthuthukisweni kwamakhono. Lenkampani inikeza abafundi abavela ezikhungweni ezahlukene ithuba lokwenza ama-in-service training. ILethesethu iyakholelwa ekunikezeni amathuba alinganayo futhi angacwasi uma beqasha abafundi, okuqinisekisa ukuthi wonke umfundu uthola isipiliyonu namakhono ezindaweni zabo. Lokhu kwenza ulwazi nobuchule





**UDkt. Siyabonga Madlala
ungelele ekuxazululeni
inkinga yamanzi**

bebhizinisi kukhule ngesivinini esihle.

UDkt. Siyabonga Madlala ungelele ekuxazululeni inkinga yamanzi

Phambilini, iLethesethu farming ibhekane nezinkinga eziningi zokushodelwa amanzi. Abafundi bekuphoqeleka ukuthi balande

amanzi edamini elincane ukuze banisele izitshalo, okwengeze izinselelo ababhекana nazo emsebenzini zinsuku zonke. Kodwa isimo sishintshile ngesikhathi uDkt. S. Madlala evakashele lelifamu ukuzibonela ngokwakhe umsebenzi omuhle abawenzayo. Ngokuthatheka nokuncoma ukuzinikela kwabo, uphinde wabanikeza isixazululo

senkinga abanayo yamanzi. UDkt. Siyabonga Madlala ukhiphe umnikelo ka R70,000 kuLethesethu Farming ukuze bakhe umgodi wokugcina amanzi, ukuezekuliwenokushoda kwamanzi. Umsebenzi walomnikelo mkhulu kakhulu njengoba ifamu lizokwazi ukuba nomthombo wamanzi othembekile.



SINIKEZE ULWAZI IZIZUKULWANE ESILANDELAYO: UKUZIBOPHEZELA KWE-SAFDA EKUFUNDISENI INTSHA NGEZOLIMO



I-South African Farmers Development Association (SAFDA) iphinde yakhombisa ukuzinikela kwayo okungangatshazwaekudluliseni ulwazi esizukulwaneni esilandelayo esikhombisa uthando kwezolimo. Lokhu kubonakalengesikhathii-SAFDA iba yingxene yemicimbi emibili eshiye intsha inolwazi kanye nekusasa eliqhakazile kulemboni yezolimo.

Kukhuthazwe abafundi bezolimo bakwa-Grade 11 eMandla Mthethwa School of Excellence

I-SAFDA ihlanganyele neKwaShukela Training Center kanye ne-South African Sugarcane research Institute (SASRI) ngenhloso yokugqugquzela abafundi bezolimo bakwa-Grade 11 base-Mandla Mthethwa School of Excellence. Kulomcimbi bekuhloswe ukutshala imbewu yolwazi ngemboni kashukela nokukhombisa abafundi amathuba ahlukahlukene abalindele KwaShukela Training Center.





Njengoba sibheka lemicimbi emibili edlule, sikhunjuzwe ngokubaluleka kokutshala imali kwimfundu nokugqquqzela isizukulwane esilandelayo sabaholi bezolimo.

Kulomcimbi obunohlonze, amalungu e-SAFDA axhumane nabafundi, kudingidwa umsebenzi wokulima umoba, ukuvuna izitshalo neminye imisebenzi ekhona. Ongoti bethu abachazelanga nje kuphela abafundi ngesayensi ekhona uma kwenziswa umkhiqizo kashukela kodwa baveze nokubaluleka kokunakekelwa kwemvelo uma kutshalwa kulemboni.

Usuku lusheshile njengoba abafundi bekhonjiswe imisebenzi eyenziwayo kanye nezindlela ezisetshenziswayo ukulima umoba. Lokhu kushiye abafundi bengawuvali umlomo futhi sebewuqonda kangcono umsebenzi owenziwa emkhakheni wezolimo.

Enye yezinto ezihambe phambili kulomcimbi kube ukukhonjiswa ngokuphelele iKwaShukela Training Center. Lapha, abafundi bakhonjiswe ubuchwepheshes besimanje kanye nezindawo zokuqeleshwa, okubabonise ikusasa eliqhakazile abangaba nalo kwezolimo. I-SAFDA ikujabulele ukuniweza abafundi lelithuba lokubona imisebenzi ekhona kulemboni.

Sibe yingxene ye-Matric Career ExpoeDumbengokubambisana ne-Majuba Mavuso Foundation

I-SAFDA ithole isimemo esiphezulu ebessivela kwiMajuba Mavuso Foundation sokuba ingxene ye-Matric Career Expo esingathwe eDumbe. Lomcimbi unikeze i-SAFDA ithuba elihle lokufundisa abafundi ngemisebenzi ekhona emkhakheni wezolimo.

Ngesikhathi kuqhube ka le-expo, amalungu e-SAFDA abekhona ukuxhumana nabafundi, bephendula imibuzo, kanye neziluleko kanye nokubanikeza ulwazi ngalomkhakha othuthuka njalo wezolimo. Siphinde sagcizelela indima enkulu edlalwa ezolimo emnothweni waseNingizimu Afrika kanye namandla okwenza ushintsho emiphakathini yethu nakwimvelo.

Ngokuba yingxene yalomcimbi, i-SAFDA ibihlose ukuvusa inhlansi yentshisakalo nokugqquqzela abafundi ukuba bakhethi ikusasa emkhakheni wezolimo. Siyakholelwa ukuthi lentsha uma ingase ibhekwe futhi iholwe ngendlela efanele


izokwazi ukudlala indima emqoka ekukhuleni komkhakha wezolimo ezweni lethu.

Njengoba sibheka lemicimbi emibili edlule, sikhunjuzwe ngokubaluleka kokutshala imali kwimfundu nokugqquqzela isizukulwane esilandelayo sabaholi bezolimo.

I-SAFDA isazibophezele ukuqhube ka nokukhuphula intshisakalo nothando kwezolimo, ukudlulisa ulwazi nokuthuthukisa lemboni ebalulekile kulelizwe. Sibheke ngabomvu ukuqhube ka nomsebenzi wokuniweza amandla nolwazi kwisizukulwane esilandelayo ukuze sakhe ikusasa eliqhakazile eNingizimu Afrika.



I-PROVISIONAL RV PRICE



*Umkhqiqizo womoba
ophezulu obalelwa
kumathani angu-553
686,*

I-Season ka 2023/2024 kube ngenhle kakhulu kwemboni kaShukela. Abalimi baveze ukugcuseka ngokunyuka kwe-RV price kule-season. I-provisional RV price ebikhokhwa ekupheleni kuka October 2023 ngomoba kuze kufike ku for September 2023, ibiku R7 457,06 ngethani ngalinye le-RV. Lokhu kuveze ukunyuka ngo 37% uma kuqhathaniswa ne-RV price yokugcina ye-season edlule (2022/2023). Izinto ezidlae indima enkulu ekunyukeni kwe-RV price uma kuqhathaniswa nange-season ka 2022/2023 ilezi ezilandelayo:

- a)** Umkhqiqizo womoba ophezulu obalelwa kumathani angu-553 686,
- b)** Umkhqiqizo kashukela ophezulu obalelwa kumathani 121 349,
- c)** Ukudayisa kwezimakethe zakuleli okunyukile okumi kumathani angu- 762 251 ngo

September 2023,

d) Ukunyuka kwe-Notional Price kashukela ohloliwe ngo 14,15% kanye shukela o-brown ngo-13,4% okuqale ngo 07 June 2023,

e) Ukunyuka kwe-Molasses ngo 7% kusukela May 2023,

f) Ukuba ntengentenge kohwebelwano IweRandi ne Dollar (R19,10 vs R17,41),

g) Ukunyuka kwe-average No.11 world market price (US28,73c/lb. vs. US23,88c/lb),



2023/2024 Season Monthly Provision RV Price



Le-graph engaphezulu ikhombisa ukunyuka nokwehla kwe-Provisional RV price kusukela ekuqaleni kwe-season ka 2023/2024 kuya ku Septhemba 2023.

Ushukela ongenisiwe

Ukungeniswa kwashukela okusemthethweni kwenziwa ngaphansi kwamanani amazwe, ukuhwebelana kweRandi neDollar, lapho kubalwa khona ukungeniswa kwempahla egunyazwe uhulumeni. Kulama-season amathathu adlule kubonakale kuncipha ukungena kwashukela ovela kwamanye amazwe. Lokhu kwenzeke

ngenxa yokulawulwa kwamanani ngaphansi kwezibophezelo ze-Master Plan, amanani kashukela aphezulu emhlabeni kanye nezindleko eziphezulu zokuthuthwa komkhiqizo ezinciphise imivuzo yokuthenga ushukela wangaphandle. Kusukela ngo Septhemba 2023, inani eliphelele likashukela othengwa emazweni angaphandle elitholakale ngale-season (2023/2024) limi kumathani angu 6 655.



I-SAFDA IBEYINGXENYE YE-AGOA FORUM



UDkt Siyabonga Madlala,
onguSihlalo Ophezulu we-
SAFDA, ubeyingxenye yale-
forum, nalapho axhumane
khona nama-exhibitors
kanye nabaholi bemboni
abahlukene.

I-AGOA Forum obesekungeyamashumi amabili, esingathwe e-Johannesburg Expo Centre e-Nasrec kusukela ngomhlaka 2 kuya ku 4 November 2023, ihlanganise izinhlangano ezimqoka ngenhloso yokudingida ngekusasa le-African Growth and Opportunity Act (AGOA). Ngaphansi kwesiqbulo esithi "Partnering to Build a Resilient, Sustainable and Inclusive AGOA to support Economic Development, Industrialisation and Quality Job Creation," le-forum ibihlose ukuqinisa ubudlelwano kwezomnotho kanye nokucubungula amathuba okukhulisa umnotho nentuthuko yamazwe ase-Sub-Saharan Africa.

I-AGOA Forum eyasungulwa ngo 2000 ngaphansi kwe-African Growth and Opportunity Act, iseenza njengendawo ebalulekile yokwakha ubudlelwano kwezomnotho phakathi kweMelika namazwe ase-Afrika athintekayo.

Lesigungu kusingathwa kuso izingxoxo ezibandakanya amalungu kahulumeni, izinhlangano ezibhekelele umnotho, izinkampani ezizimele, umphakathi kanye nabezinhlangano ezimele abasebenzi.

UDkt Siyabonga Madlala, onguSihlalo Ophezulu we-SAFDA, ubeyingxenye yale-forum, nalapho axhumane khona nama-exhibitors kanye nabaholi bemboni abahlukene.






Abanye abantu uDkt Madlala akwazile ukuxhumana nabo kube uJoanmariae Fubbs, oyi-Vice President ye-South African Sugar Association (SASA), kanye nama-exhibitor aseSwatini Sugar Association, lapho bebe nezingxoxo ezinzulu ezithinta amathuba okubambisana nokudluliselana ngolwazi embonini kashukela.

UDkt Madlala uphinde waxosisana noSiphamandla Goge wesiteshi seTV, i-ENCA, lapho eveze khona ukubaluleka kwe-AGOA embonini kashukela. UDkt Madlala ugcizelele nokuthi ngokwezinhelelo ezingaphansi kwe-AGOA, imboni kashukela idayisa amathani angu-24,000 kashukela eMelika. Lokhu kudayiswa kwashukela kuheha i-premium price edlula lena sezimakethe zakuleli.

Ngosuku lokugcina Iwalengqungquethela, Ungqongqoshe Omele Abesifazane, Intsha kanye nabantu abaphila nokukhubazeka, UNkosazana Dlamini-Zuma, uvakashele isitendi se-SAFDA. Lokhu kunikeze ithuba lokuba uNgqongqoshe nabef-SAFDA baxosisane ngokuzinikela kwe-SAFDA ekunikeni abantu abahlukene amathuba nokubathuthukisa.

Njengoba i-AGOA isisondele ekupheleni kwayongo 2025, le-forum ithathe ithuba yaveza imisebenzi emihle eyenziwe, yadingida nezinselelo ezikhona uma kudayiswa imikhiqizo





kwamanye amazwe kanye nezindlela zokuthuthukisa ukusebenza kwayo i-AGOA. Izingxoxo ezithinta ukuqhutshezwu kwe-AGOA ngemuva kuka 2025 zibonakala zizoletha amathuba okutshalwa kwezimali e-Afrika, okuzohlomulisa iMelika kanye namazwe asezwenikazi lase-Afrika. Ukuqhutshezwu kwe-AGOA kuzophinda kusize i-African Continental Free Trade Area (AFCFTA), enamazwe angu-54 kanye nabantu abangu 1.4 billion.

Uma sesiphetha, ukuzibandakanya kwe-SAFDA kwi-AGOA Forum kukhombisa ukuzinikela kwayo ekuthuthukiseni nokubeka phambili umsebenzi wabalimi baseNingizimu Afrika kanye nokudlala indima ekukhuliseni umnotho wesifunda. Njengoba izingxoxo ziqhube, kusamiwe ekwakheni i-AGOA enamandla futhi eletha ukukhula kwemboni namathuba omsebenzi.

